basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# UKUHLOLA KUKAZWELONKE KONYAKA NONYAKA 2013

# IBANGA 3

# ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA
# IMIBUZO YESIBONELO

**Le ncwadana inamakhasi angama-31, ngaphandle kwekhava.**

**UMHLAHLANDLELA WOKUSETSHENZISWA KWEZIBONELO ZOKUHLOLWA KA-ANA**

**1. Ukusetshenziswa kwama ekh'zemplazi**

Njengoba ama ekh'zemplazi ebanga nesifundo ehlelwe ahlanganiswa, **uthisha akumele awanike abafundi bawaphendule ngesikhathi esisodwa. Uthisha kumele akhethe imibuzo ehambisana nesifundo asihlelile ngaleso sikhathi.** I- ekh'xempla ekhethwe kahle ingasetshenziswa ukubuza umbuzo noma imibuzo ehambisana nezinyathelweni zenqubo yokufunda nokufundisa ngalendlela:

1.1 Ekuqaleni kwesifundo kungahlolwa lapho abafundi bemandla khona nalapho bebafushane khona. Imiphumela yaloku kuhlola okungenhla kumele **inike isithombe esikhombisa ukuthuthuka kwabafundi** kulokho abakunikiwe ukuze kubonakale lapho bebafushane khona nalapho bemandla khona.

1.2 Phakathi nesifundo kungasetshenziswa ukuhlola okwakhayo ukuze kubhekwe ukuthi abafundi bayaphumelela yini ukuthola ulwazi namakhono afundiswayo, kungabibikho umfundi ozosilela ngemuva.

1.3 Ekupheleni kwesifundo kumbe kwezifundo ezimbalwa, abafundi banganikwa ukuhlola okuqoqayo ukuze kubhekwe ukuthi bazuze ngokwanele yini ulwazi namakhono abehlosiwe futhi bakwazi ukusebenzisa ulwazi namakhono abehlosiwe.Ukubikela abafundi ngobekuhlolwa kufanele kusheshe kwenziwe ukuze uthisha abe nesikhathi esanele sokuphinda umsebenzi abewufundisa ukuze kuvalwe izikhala azibonile zolwazi namakhono ashiyekile uma kunesidingo.

1.4 Kuzo zonke izinyathelo zesifundo, abafundi kumele bahlolwe, kusetshenziswe amasu ahlukene okubuza umbuzo. Isbn. Ukwazi ukuphendula imibuzo yalezi zinhlobo, ukukhetha impendulo eshaya emhlolweni kezinye (Multiple Choice Questions), imibuzo evulekile (Open Ended Questions) noma imibuzo edinga baphendule babeka imibono yabo (Free Responce) nemibuzo emifishane njll.

Yize ukuhlola ukuthi kungakanani abakwaziyo kanye nokuhlola okwakhayo kungaba kufishane ngokwemibuzo efakiwe, ukuhlola okuqoqayo kuyokuba nemibuzo ethe xaxa ngoba kuyisivivinyo esiphelele esithi asifane nesika ANA. Into esemqoka ukuqikelela ukuthi abafundi bathola ithuba elanele lokuzilolonga ekuphenduleni imibuzo ethi mayifane neka ANA.

**2. Amamemorandamu noma umhlahlandlela wokuphendulwa kwemibuzo**

Uyanikwa Impendulo elindelekile yombuzo ngamunye we ekh'xempla kanye nesivivinyo esithi asifane nesika ANA. Othisha kumele bakhumbule ukuthi imemorandamu ivulekile.Amamemorandamu akunika imigomo ebanzi yezimpendulo ezilindelekile. Ngakho othisha kumele banike imiklomelo yezimpendulo ezingafani ezihambisana nokubuziwe.

**3. Umthamo wokufanele kwenziwe ngokwekharikhulamu**

Kusemqoka kakhulu ukuba umthamu wokufanele kwenziwe ngokwekharikhulamu kwebanga nebanga kwenziwe ngokuphelele. Ama-ekh'zemplazi ebanga nesifundo awakwazi ukuqoqa wonke umsebenzi obekwe kwikharikhulamu. Ama –ekh'zempla ayisibonelo nje solwazi olubalulekile namakhono omsebenzi okumele wenziwe kwithemu yoku-1, yesi-2 neyesi -3 alowonyaka. Ukuklanywa komsebenzi ngokwesikhathi samathemu kubekwe kwacaca kumqulu we CAPS.

Funda indaba bese uphendula imibuzo 1 kuya kowe -6.

Ngomunye uMgqibelo ekuseni, uTumi wayehla enyuka, egijima, elungiselela usuku ayekade elulindele. Wayesegqoke ijezi leqembu lakhe lebhola, wafaka nesikhafu. Wayejabule. Umama wakhe wambuza, "Tumi, ubukeka ujabule namhlamnje ekuseni. Kwenzenjani?"

"Moma! Usukhohliwe? Usuku olukhulu selufikile! Esikoleni sethu kuzodlalela umqhudelwano webhola lezinyawo wokugcina wezikole zamabanga aphansi. Khumbula, i-Adams Primary yaphumelela kulo mncintiswano ngonyaka ophelile, kodwa iqembu lami, Inkanyezi Primary, yethembisa ukuthi yiyona ezophumelela kulo nyaka".

Ephethe ivuvuzela yakhe esandleni, wagijima waya epaki yesikole. Wabingelela wonke umuntu ahlangana naye ekhankasa. Ekufikeni kwakhe enkundleni yebhola, waphuthuma ukuthi athole indawo yokuhlala emgqeni wokuqala, phambili.

Unompempe wayikhalisa impempe yakhe. Waqala umdlalo. Izibukeli zashaya amakhwela, zamemeza, zacula zithokozile. UTumi wacula kakhulu, ememeza, eshaya nevuvuzela yakhe.

Womabili amaqembu akuthola kunzima ukufaka amagoli, ingxenye yokuqala yomdlalo yaphela kungekho magoli. Abanye abalandeli base bephatheke kabi, kodwa uTumi, umlandeli wokuqala weqembu, wayehlalele ethembeni. Wamemeza,"Wozani bafana, ngiyazi nizolifaka igoli, yinina enizophumelela!" Wafutha ivuvuzela yakhe kakhulu.

Engxenyeni yesibili, UTumi waqhubeka nokubajabulela abafana beqembu lakhe, kodwa kulesi sikhathi wayesegijima ngakulayini wenkundla. Iqembu lakhe lafaka amagoli amane kwathi iqembu le-Adams Primary lathola iqanda. Unompempe wayishaya impempe yakhe, wawuqeda umdlalo. INkanyezi Primary yawina inkomishi!

Bonke abalandeli nabaxhasi beNkanyezi Primary bakujabulela ukunqoba. UTumi wagxumagxuma, ehamba ephosa izandla zakhe emoyeni. Wabuyela ekhaya ecula, ememeza enokujabula okukhulu.

1.1 Bhala isihloko sale ndaba.

Bhala kulo mugqa.

.............................................................................................................................

1.2 Ucabanga ukuthi singathini isihloko sale ndaba?

.............................................................................................................................

1.3 Ikhuluma ngani le ndaba?

Bhala umusho ube munye.

.............................................................................................................................

2.1 Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo efanele.

... ungumlingiswa obalulekile kule ndaba.

A Umama kaTumi

B Unompempe

C UTommie

D UTumi

2.2 Kokelezela impendulo efanele.

Indaba ikhuluma ( ngeVuvuzela ngoTommie ngoTumi ngoTuli ).

2.3 Faka uphawu (✕) eduze kwebhokisi elinempendulo efanele.

Umlingiswa obaluleke kakhulu kule ndaba ...

| | |
|---|---|
| ngunompempe | |
| ngumama | |
| nguTumi. | |
| nguTom. | |

3.1 Faka uphawu (✕) eduze kwebhokisi elinempendulo efanele.

Umdlalo webhola wadlalelwa ...

| | |
|---|---|
| ekhoneni lomgwaqo. | |
| epaki yesikole. | |
| enkundleni yezemidlalo. | |
| esitediyamu | |

3.2 Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo efanele.

Wawudlalelwa kuphi umdlalo webhola lezinyawo?

A Enkundleni yezemidlalo.

B Ekhoneni lomgwaqo.

C Epaki yesikole.

D Esitediyamu.

3.3 Kokelezela impendulo efanele.

I-Adams Primary yadlalela umdlalo webhola lezinyawo

( enkundleni yezemidlalo epaki yezimoto epaki yesikole esitediyamu ).

4.1 Khombsa ukulandela kwezigameko endabeni..

Sebenzisa izinamba 1 – 4 emabhokisini ukhombise ukulandelana kwezigameko.

| | |
|---|---|
| Wahamba waya epaki yesikole. | |
| Wagijima waya ekhaya ehamba ecula, ememeza, enokujabula okukhulu. | |
| Ngesikhathi efika waphuthuma enkundleni yezemidlalo. | |
| UTumi waqhubeka nokujabulela iqembu lakhe. | |

4.2 Phinda ubhale le misho ngokulandelana kwezigameko.

| |
|---|
| UTumi waqhubeka nokujabulela iqembu lakhe. |
| Wagijima waya ekhaya ecula, ememeza, enokujabula |
| Ekufikeni kwakhe waphuthuma enkundleni yezemidlalo |
| UTumi wahamba waya epaki yesikole. |

| |
|---|
| |
| |
| |
| |

4.3 Kungabe ukulandelana kwezigameko endabeni kufanele?

Faka uphawu (✕) eduze kwebhokisi elinempendulo efanele.

UTumi waya epaki lesikole. Waphuthuma enkundleni yebhola lezinyawo ukuze athole indawo yokuhlala. Wajabula kakhulu ngesikhathi iqembu lakhe liphumelela. Waphuthuma waya ekhaya ecula futhi ememeza.

| | |
|---|---|
| Yebo | |
| Cha | |

5.1 Abanye abalandeli babephatheke kabi ngengxenye yokuqala yomdlalo. Yini eyabangela lokho?

Bhala umusho owodwa kuphela.

Abanye babalandeli babephatheke kabi ngoba....................................................

.....................................................................................................................

.....................................................................................................................

.....................................................................................................................

5.2 Yini eyenza uTumi ajabule emva komdlalo?

Bhala umusho owodwa kuphela.

UTumi wayejabule ngoba ..............................................................................

.............................................................................................................

.............................................................................................................

.............................................................................................................

5.3 Nikeza isizathu, sokuthi kungani uTumi wayekujabulela ukuya esikoleni ngoMgqibelo.

Bhala umusho owodwa kuphela.

UTumi wayejabule ngoba ............................................................................

.............................................................................................................

.............................................................................................................

.............................................................................................................

6.1 UTumi wayesegijima ngakulayini wenkundla. Ucabanga ukuthi wayekwenzelani lokhu?

Bhala umusho owodwa kuphela.

UTumi wayegijima ngakulayini wenkundla ...........................................................

.............................................................................................................

.............................................................................................................

.............................................................................................................

6.2 Ucabanga ukuthi uTumi wayehlalelani kulayini wokuqala?

Bhala umusho owodwa kuphela.

UTumi wayefuna ukuhlala kulayini wokuqala .......................................................

.......................................................................................................................

.......................................................................................................................

.......................................................................................................................

6.3 Ucabanga ukuthi le ndaba izama ukusifundisani?

Bhala umusho owodwa kuphela.

Le ndaba ........................................................................................................

.......................................................................................................................

.......................................................................................................................

.......................................................................................................................

7.1 Buka isithombe bese uphendula imibuzo.



7.1.1 Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo efanele.

Abantwana ba ...

A bayaganga.

B balele.

C bayadansa

D yacula

7.1.2 Faka uphawu (✖) eduze kwebhokisi elinempendulo efanele.

Umfana ongakwesokunxele, onezinwele ezimnyama, udlala ...

| | |
|---|---|
| izigubhu | |
| impempe | |
| uphiyano | |
| ivayolini | |

7.1.3 Kokelezela impendulo efanele.

Bonke abantwana babukeka ( besaba bejabule bethukuthele bediniwe ).

7.2 Buka isithombe bese uphendula imibuzo.



7.2.1 Kokelezela impendulo efanele.

Ikhwaya ( iyamemeza iyakhuluma iyacula iyakhala ).

7.2.2 Faka uphawu (✕) eduze kwebhokisi elinempendulo efanele.

Kunabaculi aba... eqoqweni.

| | |
|---|---|
| thathu | |
| ne | |
| hlanu | |
| bili | |

7.2.3 Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo efanele.

Umculi ome ngakwesokunxele ...

A ngugogo.

B yindoda.

C ngumfana.

D yintombazane.

8.1 Phendula umbuzo 'osenkathini eyedlule'.

8.1.1 Phinda ubhale lo musho ube senkathini eyedlule.

UTumi ujabule, kanti abanye baphatheke kabi.

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

8.1.2 Faka uphawu (✕) eduze komusho obhalwe waba senkathini eyedlule.

Umama uthenga ukudla esitolo.

| | |
|---|---|
| NgoMgqibelo odlule umama uthenge ukudla esitolo. | |
| NgoMgqibelo odlule umama uzothenga ukudla esitolo. | |

8.1.3 Qedela umusho ube senkathini eyedlule.

Khetha igama elifanele ebhokisini.

| | |
|---|---|
| zicule | zizocula |

Izingane ...................................... ekhwayeni.

8.2 Phendula umbuzo 'osenkathini yamanje'.

8.2.1 Faka uphawu (✗) eduze komusho obhalwe waba senkathini yamanje.

Wacula kakhulu ngesikhathi abadlali bezama ukufaka igoli.

| | |
|---|---|
| Uzocula kakhulu ngesikhathi abadlali bezama ukufaka igoli | |
| Ucula kakhulu ngesikhathi abadlali bezama ukufaka igoli. | |

8.2.2 Phinda ubhale lo musho ube senkathini yamanje.

Ubisi lwalusendalini esitolo.

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

8.2.3 Qedela umusho osenkathini yamanje.

Khetha impendulo efanele ebhokisini.

| | |
|---|---|
| yadlala | idlala |

Ingane ...................................... izigubhu.

9.1 Phendula imibuzo 'ngamabizo'.

9.1.1 Ibizo igama lento noma lomuntu.

Kokelezela amabizo kulo musho.

Iqembu labukeka kahle ligqoke umfaniswano walo omusha.

9.1.2 Ibizo igama lento noma lomuntu.

Qedela umusho ngokufakela amabizo amabili.

U.................................. udla .................................kwakhe.

9.1.3 Ibizo igama lento noma lomuntu.

Kungabe la magama adwetshelwe angamabizo?

<u>Abafana</u> badlala <u>ibhola</u>.

| | |
|---|---|
| Yebo | |
| Cha | |

9.2 Phendula imibuzo 'ngezabizwana'.

9.2.1 Isabizwana igama elimela ibizo emshweni.

Qedela lo musho ngokugcwalisa ngezabizwana ezimbili.

... liyathanda ukwenza umsebenzi, kanti ... imbongolo ayithandi ukwenza umsebenzi.

9.2.2 Isabizwana igama elimela ibizo emshweni.

Kungabe la magama adwetshelwe ayizabizwana?

Bayacula badlale ekhonsathini.

| | |
|---|---|
| Yebo | |
| Cha | |

9.2.3 Isabizwana igama elimela ibizo emshweni.

Kokelezela izabizwano ezimbili kulo musho

Abalandeli bebhola lezinyawo balikhuthaza iqembu labo ngoba bona babejabule kakhulu.

9.3 Phendula imibuzo ‘ngezihlanganiso.’

9.3.1 Isihlanganiso igama elihlanganisa imisho.

Kokelezela igama eliyisihlanganiso emushweni ngamunye.

a. Inkawu yayenza amaqhinga ayo kanti ibhubesi lalilele.

b. Unogwaja udla ukherothi kodwa ibhubesi lidla inyama.

9.3.2 Isihlanganiso igama elihlanganisa imisho.

Kungabe amagama adwetshelwe ayizihlanganiso?

a. Umfana wagijima kakhulu futhi walifaka igoli.

b. Abanye babalandeli babephatheke kabi kodwa uTumi wayejabule.

| | |
|---|---|
| Yebo | |
| Cha | |

9.3.3 Isihlanganiso igama elihlanganisa imisho.

Qedela le misho ngokugcwalisa ngezihlanganiso emshweni ngamunye.

a. Umfana udlala isigubhu....................... ubuye adlale uphiyano.

b. Abafana badlala ibhola .............................. amantombazane ayacula.

10.1 Buka izithombe bese uqedela imisho.

10.1.1 Intombazane  ............................

10.1.2 Umntwana wemvu ubizwa ngokuthi  ..............................

10.1.3 Ngisika isinkwa  ...............................

10.2 Buka lezi zithombe bese uqedela le misho.

10.2.1 Lo muntu une....................................  ezinde.

10.2.2 Nginezandla **2** ...............................

10.2.3  I................................. ibomvu.

10.3 Buka izithombe bese uqedela imisho

10.3.1 ............................................  bagijima enkundleni yebhola.

10.3.2 Zine  ..................................... ephathini.

10.3.3 Ngixubha  ................................ami.

11.1 Phendula le mibuzo ilandelayo.

11.1.1 Faka izimpawu zokuloba ezimbili kulo musho olandelayo.

Umandla wafaka igoli lokuqala kulo mdlalo

..........................................................................................................................

..........................................................................................................................

...............................................................................................................

11.1.2 Kokelezela ukhefana nombuzi.

Ziphi izinkawu, amabhubesi nezindlulamithi?

11.1.3 Faka uphawu (x) ebhokisini eliseduze nomusho ofakwe izimpawu zokuloba ngokufaneleyo.

| | |
|---|---|
| "Yima!" kusho uthisha. | |
| Yima, "kusho uthisha." | |

11.2 Phendula le mibuzo ilandelayo.

11.2.1 Kokelezela usonhlamvukazi nongqi.

Ziningi izilwane esiqiwini.

11.2.2 Faka uphawu (x) ebhokisini eliseduze nomusho ofakwe izimpawu zokuloba ngokufanele.

| | |
|---|---|
| Zikuphi izigubhu amavayolini, nemitshingo | |
| Zikuphi izigubhu, amavayolini nemitshingo? | |

11.2.3 Gcwalisa ngezimpawu zokuloba ezimbili emushweni olandelayo.

Laduuuuuma kumemeza uTumi.

..............................................................................................................................

..............................................................................................................................

.....................................................................................................................

11.3 Phendula le mibuzo ilandelayo.

11.3.1 Faka uphawu (x) ebhokisini eliseduze nomusho ofakwe izimpawu zokuloba ngokufaneleyo.

| | |
|---|---|
| Izingane ziyacula ekhwayeni. | |
| IziNgane ziyacula ekhwayeni. | |

11.3.2 Kokelezela umbabazi nabacaphuni.

Izingane zakhala zathi, "Mama kumele siye esiqiwini!"

11.3.3 Gcwalisa ngezimpawu zokuloba kulo musho.

Benzani abalandeli abadlali nomqeqeshi weqembu emva komdlalo

.......................................................................................................................

.......................................................................................................................

...............................................................................................................

12.1 Gcwalisa ngezenzo ezifanele ezikhaleni ezishiyiwe.

Sithi:

<u>Amaqembu adlala</u> ibhola lezinyawo.

kodwa

Iqembu .................................................. ibhola lezinyawo.

Umfana uthwele amanzi uya enkundleni yezemidlalo.

kodwa

Abafana..............................................amanzi baya enkundleni yezemidlalo.

12.2 Khetha isenzo esifanele kulezo ezisemabhokisini.

Bhala emgqeni ongezansi.

| | |
|---|---|
| acula | icula |

Ikhwaya .................................................... iculo elimnandi.

| | |
|---|---|
| adlala | idlala |

Amantombazane.............................................. umtshingo.

12.3 Kokelezela impendulo efanele.

Namuhla intombazane ( ithenga athenga ) ukudla esitolo.

Abaninizitolo ( usebenza basebenza ) ezitolo.

13.1 Funda leli thebula bese uphendula imibuzo.

| **Ukudla okudliwa ngabafundi emdlalweni webhola.** | | |
|---|---|---|
| **Igama** | **Isidlo sasekuseni** | **Isidlo sasemini** |
| u-Alan | Ubisi nesemishi | Ijusi nehothidogi. |
| uNtombi | Amanzi, isemishi nesithelo | Ijusi nesaladi. |
| uTumi | Ubisi nesemishi | Ijusi nehothidogi. |
| uJed | Isithelo nobisi. | Uphophukhoni, ujusi, ihothidogi nesaladi |

13.1.1 Yibaphi abafundi abanesidlo sasekuseni esifanayo?

..............................................................................................................................

13.1.2 Esidlweni sasekuseni, omunye umfundi uphuze okuhlukile kokwabanye.

Ngubani lowo mfundi?

..............................................................................................................................

13.1.3 Bonke abafundi babenejusi nokunye abakudle ngesidlo sasemini.

Ubani umfundi obelambe kakhulu waze wadla lonke uhlobo lokudla obelukhona?

..............................................................................................................................

13.2 Funda leli thebula bese uphendula imibuzo.

| **Umsebenzi wesikole wasekhaya** | | | |
|---|---|---|---|
| **Usuku** | **Ulimi** | **Izibalo** | **Amakhono** |
| UMsombuluko | Isipelingi nokubhala | amabhondi | Ibhola lombhoxo |
| Ulwesibili | Ukufunda nokubhala | amabhondi | Ibhola lombhoxo |
| ULwesithathu | Ukufunda nokubhala | ukubala | Ibhola lomnqakiswano |
| ULwesine | Isipelingi nokubhala | ukubala | Ibhola lombhoxo nelomnqakiswano |

13.2.1 Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo efanele

Yiluphi usuku lapho abafundi bebefunda babuye babale?

A uMsombuluko

B uLwesibili

C uLwesine

D uLwesithathu

13.2.2 Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo efanele.

Yimuphi lo mdlalo odlalwa ngoMsombuluko nangoLwesibili?

A Awukho umdlalo

B Ibhola lombhoxo

C Ibhola lomnqakiswano kuphela

D Ibhola lombhoxo nelomnqakiswano

13.2.3 Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo efanele.

Yimuphi lo msebenzi wasekhaya ofanayo zonke zinsuku?

A ukubala

B ukufunda

C ukubhala

D isipelingi

13.3 Funda leli thebula bese uphendula imibuzo.

| **Ukudla okuyimpilo neziphuzo ohlwini lwase thakhishophu** | | |
|---|---|---|
| **uMsombuluko** | **uLwesithathu** | **uLwesihlanu** |
| Ufishi, imeshi nobisi. | Isemishi likashizi nejusi. | Isemishi lenkukhu nobisi. |
| Isaladi yezithelo nobisi. | Isaladi yenkukhu nobisi. | Isobho lezitshalo nesinkwa. |
| Isaladi yenkukhu nobisi. | Ufishi, isaladi nejusi. | Isaladi yezithelo nobisi. |
| Isemishi likashizi nobisi. | Isobho lenkukhu. | Ufishi, imeshi nojusi. |

13.3.1 Yiluphi uhlobo lwesemishi ongaluthenga ngoLwesithathu?

........................................................................................................................................

13.3.2 Yiluphi usuku ongathenga ngalo isobho nesinkwa?

........................................................................................................................................

13.3.3 Yiluphi usuku ongathenga ngalo ubisi, kodwa hhayi ijusi?

..............................................................................................................................

14.1 Funda le grafu elandelayo bese uphendula imibuzo.

<u>Imidlalo ethandwayo</u>




14.1.1 Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo efanele.

Qhathanisa inani labafundi abadlala imidlalo eyehlukene. Yimuphi umdlalo othandwa kakhulu?

A inethibholi

B ihokhi

C ibhola lezinyawo

D ibhola lombhoxo

14.1.2 Faka uphawu (✖) eduze kwempendulo efanele.

Bangaphezulu kangakanani abafundi abathanda ibhola lombhoxo kune hokhi?

| | |
|---|---|
| 6 | |
| 4 | |
| 3 | |
| 1 | |

14.2 Funda le grafu elandelayo bese uphendula imibuzo.

<u>Abantu abasebholeni lezinyawo</u>

| Inani labantu | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | 10 | | | ☺ | |
| | 9 | | | ☺ | |
| | 8 | | | ☺ | |
| | 7 | | | ☺ | |
| | 6 | | | ☺ | |
| | 5 | | | ☺ | |
| | 4 | | | ☺ | ☺ |
| | 3 | | ☺ | ☺ | ☺ |
| | 2 | | ☺ | ☺ | ☺ |
| | 1 | ☺ | ☺ | ☺ | ☺ |
| | | Amakhosikazi | Amantombazane | Abafana | Amadoda |

14.2.1 Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo efanele.

Mangaki amantombazane abebukela umdlalo webhola lezinyawo?

A 10

B 4

C 3

D 1

14.2.2 Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo efanele.

Qhathanisa inani labantu ababukela umdlalo. Ngobani abathanda lo mdlalo kakhulu?

A amakhosikazi

B amantombazane

C amadoda

D abafana

14.3 Funda le grafu elandelayo bese uphendula imibuzo.

<u>Izindlela zokuya esikoleni</u>




14.3.1 Faka uphawu (✖) eduze kwempendulo efanele.

Abafundi abaningi beza esikoleni ...

| | |
|---|---|
| Ngamatekisi. | |
| Ngebhasi lesikole. | |
| ngemoto. | |
| ngezinyawo | |

14.3.2 Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo efanele.

Yiqhezu elingakananai labafundi eliza ngamatekisi esikoleni?

A Ikota.

B Okukodwa kokuyisishiyagalombili.

C Okukodwa kokuthathu.

D Uhhafu.

